**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2018**

**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE ( GRADE 9)**

**IPHEPHA LESIBILI ( PAPER 2)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI : 100** **ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Fundisisa **lonke** iphepha ngaphambi kokuphendula imibuzo.
- Phendula **yonke** imibuzo ekuleli phepha.
- Landela imiyalelo njengoba uyinikiwe embuzweni ngamunye.
- Phendula ngesiZulu esihle nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi **ohlanzekile.**

## ISIQEPHU A : IZINYEMBEZI ZOTHANDO – D.B.Z. NTULI( umhleli)

## UXOLO – SICELO ZIMEMA

1.Fundisisa isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

UMtolo wawabona emvalela egunjini amazwi kaS'kebhe. Uma eke wavuma ukungena kulolu gibe, kuzoba lukhuni ukuphuma.

"Imibuzo yakho ithanda ukuba nzima."

"Akufanele ibe nzima Mtolo. Kufanele ngikubuze phela yikhona ngizothi uma ngikuxolela, ngazi ukuthi ngixolele umuntu obekufanele axolelwe."

"Ngiyezwa," kusho uMtolo eseqala ukuba nethemba uma ezwa le ndoda ikhuluma kanje.

"Uyindoda enesibindi Mtolo. Bambalwa abantu abangayenza le nto oyenzile. Ngibona sengathi kuningi esisazokuxoxa nawe," esho esukuma eyongena kwelinye ikamelo, eshiya uMtolo ehlezi lapho kusofa. Kwake kwathi akavele anyomuke aphume ahambe uMtolo kodwa wabuye wazikhuza.

Kuthe emva kwemizuzwana embalwa, wabuya uS'kebhe wahlala kuwo lowo sofa abekade ehleli kuwo. Uthe esuka wabe ekhipha iheheba lephepha. "Uyabona Mtolo, kuleli phepha kukhona amagama enu nonke nina ebenizama ukungibulala kodwa nehluleka. Bonke laba asebefile, yilabo abaphezulu kulolu luhla lwamagama." Uthe esuka wabe eliphonsela uMtolo lelo phepha. "Zibheke, ubone ukuthi igama lakho likuphi nendawo kulolo luhla. Sheshisa!"

Alithathe eseqhaqhazela ngokunye manje uMtolo. Nangempela, amagama amahlanu okuqala kulolo luhla, awabo laba bantu asebeshonile njengokulandelana kwabo. Cha, inawo umuthi le nyanga kaS'kebhe! Wehla njalo uMtolo, efunda uhla lwamagama. Ujahe ukubona igama lakhe. Isifuba sesiyagubhazela. Naye akakholwa wukuthi esakhe lesi sifuba esiduma sengathi kugijima amahhashi. Awu, naliya igama lakhe eduze kwenombolo ewu-17. Kusekhona nabanye abalandelayo. Waphefumulela phezulu uMtolo.

"Uyazibona ukuthi ukuphi nohla?"

"Ye-, yebo."

"Buyisa iphepha lami!" esho esukuma eyothatha iphepha lelo ezandleni eziqhaqhazelayo zikaMtolo. Wabuya nalo iphepha lelo, wayohlala kusofa wakhe. "Usungisizile wafika Mtolo. Lo msebenzi kade uhamba kancane kakhulu. Ukufika kwakho kuzokwenza ukuthi usheshe kakhulu manje. Inhliziyo yami igcwele amahlule egazi Mtolo. Anginalo noluncane uxolo. Noluncane!" Washo esukuma.

1.1. Obani abantu ababili abaphendulana kulesi siqephu? (2)

1.2. Bakuphi laba abaphendulana lapha? (1)

1.3. Yini isizathu sokuxolisa kukaMtolo kuSkebhe? Bhala amaphuzu **amabili.** (2)

1.3.Bhala **okubili** okuyimpahla kaSkebhe okwakumlahlekele ngenxa kaMtolo. (2)

1.4. Yini eyenziwa uSkebhe okubangele ukuba uMtolo angenwe Uvalo bese eyaxolisa. Bhala kube **kuthathu.** (3)

1.5. Izimoto zikaSkebhe zonke zazi:

A. mhlophe

B. mnyama

C. bomvu (1)

1.6. Igama likaSkebhe uma seliqedelwa kuthiwa:

A. Skebhe Mtwezise

B. Skebhe Mketule

C. Skebhe Mtakule (1)

1.7.Laliwunombolo bani igama likaMtolo ohlwini lukaSkebhe.Bhala le nombolo ngesiZulu. (1)

1.8. USkebhe wamnika msebenzi muni uMtolo ukuze amxolele. (2)

1.9.Sifundo sini osithole kule ndaba? Sekela impendulo yakho **ngephuzu elilodwa.** (2)

1.10.Uma kwakunguwena uMtolo wawuzokwenzenjani ngalo myalelo owunikwe uSkebhe. (1)

1.11. Igama elikhethwe umlobi likaSkebhe liyahambisana nokwenzeka endabeni. Vuma noma uphike bese wesekela impendulo yakho. (2)

(20)

## 2. NOMA NINI- N.E. MBESA

Funda isiqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

"Siyabonana Mkhokheli. Philani bo!"

"Siyabonana Apple Face. Siyaphila, wena unjani?" kuphendula umkhokheli.

"Ngize lapha kwaNdunankulu uSithole. Ukhona nje uMaShandu?"

"Maye, waba njani kodwa Apple Face! Ukuqale inkulumo umuntu aze acishe akwethembe, avuke uSizaba. Manje usumane uyasheba nje." Usho nje umkhokheli usekhuluma yedwa, ngoba nanguya u-Apple Face esethi akayongena kwaSithole.

Phela u-Apple Face isiyabhuyabhu sendawo, akekho oyazi kahle hle imvelaphi yakhe. Kuthiwa u-Apple Face nje ngoba yintokazi ezithandayo. Ihlale ishaye ezimhlophe qwa. Ihlale isho ngamasokisi, yize noma esenamaladi. Ebusweni lapha uphawuda yilapho ubuzwa khona. Izindebe zihlala zibomvu tebhu. Yingakho ebizwa ngo-Apple Face nje. Kuye kuthi lapho esegcwaneka kakhulu, athathwe asiwe eMgungundlovu, kwabagula ngengqondo. Uye umbone ngobungcono ukuthi ubuya khona. Kodwa namuhla sengathi sezisondele izinsuku zangaseMgungundlovu.

"We Gogo! We MaShandu! Ake ningivulele!"

"Hawu, yehheni Sizani, ake ubheke ukuthi ubani lowo omemeza esangweni," kusho uMaShandu.

"Yebo Mama. Uzwe ngani lokhu nezinja azizibekile phansi nje?"

"Hhiya! Ngivele ngabona ukuthi u-Apple Face lowo."

Anqonqoloze u-Apple Face nezinja zithi azimthathe, zimhalela zingaphakathi.

"Yini Apple Face? Ufunani ilanga liyoshona nje?"

"Sizani, angifuni wena mina, ngifuna uMaShandu; ngijahe kabi."

"UMaShandu usaxakekile, unezivakashi. Nginikeze umyalezo wakhe." Usho nje uSizani unqanda nezinja.

"Ungangibhedeli mina wena. Mina angihlanyi. Awufundisiwe wena Sizani. Imfihlo ngingakutshela kanjani?"

"Mfihloni na leyo Apple Face?"

"Ngiyeke phansi wena. Mina bengifuna ukutshela uMaShandu ngendodakazi yakhe. Sala-ke."

2.1. Kukwabani isibongo kulo muzi okuxoxa khona laba ababili? (1)

2.2. Umnumzane walapha ekhaya usebenzela kuliphi idolobha? (1)

2.3. Ubani lo owayezofuna ukubona uMaShandu? (1)

2.4. Walithola kanjani u- Apple Face leli gama? (2)

2.5. Chaza ukuthi zisho ukuthini lezi zimo zokukhuluma ezisetshenziswe esiqeshini.

2.5.1. isiyabhuyabhu sendawo (2)

2.5.2. amasokisi anamaladi (2)

2.6. Ngobani izivakashi ezazilungiselelwa uMaShandu ngalolu suku? (2)

2.7. U- Apple Face wayeyaze kanjani indaba yendodakazi KaMaShandu? Bhala amaphuzu **amathathu.** (3)

2.8. Sithola yiphi ingwijikhwebu (okungalindelwe ) ekupheleni kwale ndaba? (1)

**(15)**

**INGCEBO YEZICEBI NEZIMPOFANA – M.J. MNGADI**

3. Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha**

3.1. Le ndaba yenzeka eMhlali. (1)

3.2. UVictoria Brennett umlingiswa osemqoka kule ndaba. (1)

3.3. UDave McCall isigwili okuxoxwa ngaso kule ndaba. (1)

4. Phendula le mibuzo njengokwazi kwakho indaba.

4.1. Lalibizwa ngani ihhotela likaDave elalithandwa uValerie kakhulu? (1)

4.2. Kungani uValerie ayehlala lapha emzini kaMcCall? Xoxa **ngamaphuzu amathathu.** (3)

4.3. Yiziphi izinto ababefana ngazo uValerie noDave? Bhala **okubili.** (2)

4.4. Yini eyathengwa uDave yaba yizindodla eyithengela uValerie okuyiyona eyamphatha kabi uValerie? Bhala **okubili.** (2)

5. Phendula ngegama elifanele kuphela.

5.1.Obani amagama ezisebenzi zasendlini ezazinakekela uValerie? (2)

5.2. UDave wayefaka iwashi lwaluphi uhlobo? (1)

5.3. Kwakungubani igama lesoka likaValerie ayengalinakile? (1)

**(15)**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B – IMIBHALO YOKUZIQAMBELA (emide nemifushane)

### IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMLAYEZO

6. Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama- 80 kuya kwayi – 100

### 6.1. INCWADI YOBUNGANI

Umngane wakho owawufunda naye esikoleni samabanga aphansi ubhekane nezinselelo (challenges) eziningi esikoleni sakhe esisha.

**Mbhalele incwadi** ummise isibindi(encourage), uphinde uzame ukumnika izixazululo zezinkinga zakhe. **(30)**

### 6.2. UMLANDO NGOMUFI

Ushiywe umalume wakho ngokukhulu ukuzuma.Umndeni unike wena indima yokufunda umlando wempilo yakhe ngosuku lomngcwabo. Bhala phansi-ke **umlando ngomufi.** **(30)**

### 6.3. INGXOXO

Abangane bakho bazobe beyolala kubo komunye wenu.Umama wakho akayizwa kahle le ndlela yokuvakashelana. Bhala **ingxoxo** yakho naye uzincengela ukuba akuvumele.Veza izinto okuzokusiza ngazo lokhu kuyolala kwamngani. **(30)**

## IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA UMYALEZO

7. Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama- 60 kuya kwangama -80.

### 7.1.ISIMEMO

Umfowenu omdala uzobe eshadelwa kula maholide kaDisemba.Abazali bakhethe wena ukuba ubhale isimemo sezihlobo nabangani. Bhala phansi lesi simemo njengokokuyalelwa abazali bakho. **(20)**

### 7.2. IDAYARI

Wena nodadewenu / nomfowenu nibe neholide lezinsuku **ezinhlanu** elikhokhelwe ngabazali benu ukuze banibonge ngokuziphatha kahle. Bhala idayari yalokho enikwenzayo ukuchitha **lezi zinsuku ezinhlanu.**

**(20)**

### 7.3. IPHOSIKHADI

Uvakashe nomndeni kwelaseTanzania.Wawuthembise umngani wakho ukuthi uzomxoxela ngohambo lwakho.Bhalela umngani wakho iphosikhadi umxoxele ngohambo lwenu bese ubabaza nobuhle balokho osukubonile. **(20)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**

**AMAMAKI EPHEPHA ESEWONKE: 100**